NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2021

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA II
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER II

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-3 Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

IEB Copyright © 2021

ISIQEPHU A IMIBHALO

UMBUZO 1

Kuyangima-ke Lokhu

Umfundi makalandele imigomo yokubhalwa kwe-eseyi bese aveze okunye kwalokhu embhalweni wakhe:

Ikhehla (uMdlinzo) likhuluma lodwa, lizichaza ngendlela elibukeka nelizizwa ngayo emzimbeni

- Yebo umzimba walo ugcwele izilonda kodwa indlela elikhuluma ngayo kuliveza **njengomuntu ongakwazi ukubekezelela ubuhlungu futhi oselahle ithemba** lize lifise ukufa ngenxa yezinhlungu njengoba libalisa ngokuthi umzimba walo uphihlike izilonda.
- Uzozo uyaqaqamba kunkenketha namathambo.
- **Usephelelwe yithemba kodokotela** ngoba uthi izilonda sezehlule imithi yodokotela ziphuma ngisho nobomvu.
- Inkulumo kayedwana iveza uMdlinzo njengomuntu **ongenakho ukuzethemba nozenyezayo ngendlela abukekeka ngayo**. Ubuye azinyeze athi unenyama embi nesikhwakhwalala.

UMdlinzo ukhuluma yedwa achaze indlela isimo sezulu esiyisona ngalelo langa **ukuze kugqame isizinda**. Inkulumo yakhe imveza **njengomuntu okwaziyo ukubona ukushintsha kwezulu okunobungozi**.

- Kunomoya obandayo onezinsunswana ezihlabayo.
- Izulu ligqunqe limnyama impela.
- Kunamafu akhombisa ukuthi kuza izihlambi zemvula kanye nesichotho.
- Ukuchaza kwakhe ukuqubula kwezinsingizi kukhombisa ukuthi **unolwazi olunzulu ngemvelo nezimpawu zayo ezikhombisa ubungozi**.
- **Ubalisa** ngokugcwala komfula odla izindwani, udinga nendawo yokuwela.
- Ukubalisa kukaMdlinzo ngokuhluleka kwemithi yodokotela ukwelapha izilonda kuveza isikhathi samanje.
- Ekubaliseni kwakhe kuzwakala sengathi ungumuntu ofunda iBhayibheli ngoba ukhuluma ngoNkulunkulu wawo-Abrahama.
- Ungumuntu ohlala yedwa futhi okumele azisize yena njengoba eya enyangeni yeNyasa.
- Emuva kokuphuma emzini kaMgcineni, ikhehla linengekile okukhombisa ukuthi alizange lihlale kahle noma lamukeleke lapho liphuma khona.

Inkulumo yekhehla lilodwa iliveza njengomuntu **obalisayo** njengoba:

- Libalisa ngokuswela kwendawo yokukhosela njengoba linethwa kanti aligqokile ngisho utapolo.
- Enkulumeni yalo **linovalo nokwesaba ubuhlungu** njengoba libalisa ngokuthi izilonda zalo zizofutha kakhulu njengoba sezinethiwe.
- Ukukhuleka/ukuthandaza kwalo kukukhombisa ukuthi **ungumuntu ohluphekile**.
- Uyathokoza uma ebona kukhona umuzi angase akhosele kuwona.

IEB Copyright © 2021

UMaZitha ukhuluma yedwa ngekhehla lokhu kumveza njengomuntu **onenhliziyo elukhuni nembi nengenalo uzwelo kwabanye abantu** abadinga usizo. Kuphinda kumveze njengomlingiswa **onguzwilakhe ongenandaba** ukuthi omunye umuntu ufisani futhi ucabangani. Lokhu ukwenza ngalezi zinkulumo zakhe.

- Akafuni ukuthi uMgcineni aphume aye kobheka ahlangabeze umuntu odinga usizo.
- Uzibuza ukuthi uMgcineni ucabanga ukuthi ungumhlengikazi yini.
- Uthi umuzi wakhe awusona isibhedlela futhi ikamelo lakhe akulona iwadi.
- Uzimisele ukuxabana nomyeni wakhe okungcono kunokuba angasiza ikhehla.
- Inkulumo kayedwana ibuye imveze uMaZitha njengomlingiswa ocwasayo ngoba uchaza uMdlinzo njengomlalandle oxathuka izilonda.
- **Uyanyanya kakhulu futhi unempakamo** ngoba enkulumeni yakhe uzibuza ukuthi azowashwa ngubani amashidi anamabala ezilonda.

Imizwa kaMaZitha ngokunyamalala komyeni wakhe

- Yize enempakamo kodwa inkulumo yakhe ngenkathi engabuyi umyeni wakhe ikhombisa ukuthi **unovalo, futhi uyashesha ukwethuka**, lokuthi kukhona okwehlele umyeni wakhe njengoba engabuyi emuva kokulandela ikhehla. Ubona sengathi ngeke akwazi ukulala ebusuku.
- **Uyakwazi ukusola abe nomuzwa wokuthi** sengathi kukhona okubi azokuzwa njengoba kuze kuse engabuyile umyeni wakhe.
- **Uyakwazi ukuzisola** uma sekukhona okubi okuvelile azibone eqalekisiwe uma ezwa izindaba zokuthi kutholakale isidumbu somyeni wakhe.

Ukuchaza kukaMaZitha ingozi ethatha impilo yakhe

Ungumuntu owethukayo ngendlela achaza ngayo imoto eza ngesivinini iqonde kuye ngqo sengathi umshayeli udakiwe.
Uveza ukwethuka uma ukufa sekuqondene naye.
Yize ebonisa indikimba yenhliziyo embi kepha ubonakale enakho ukwethuka ngokufa komyeni wakhe uze akuchaze njengesishayo kepha akakhombisi ukuba nozwelo ngokufa kwekhehla.

Izindikimba

Inkulumo kaMaZitha igqamisa kakhulu indikimba yokunyaza abantu ngoba wenyanya ukuthi uMdlinzo unezilonda futhi akakwazi ukumamukela emzini wakhe.
Enkulumeni kaMgcineni kugqama indikimba yozwelo nokunakekela abantu abadingayo. Lokhu kuvela ngendlela anomoya omuhle ngakhona kuMdlinzo aze aphume amlandele ancamele ukunethwa.

[30]

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 2

Lake Lazikhotha Emhlane?

Izindawo ezahlukene okwenzeka kuzona lo mdlalo

Izindawo ezithintekayo

- Ejalidini lo mlungu sibona **umaqumbana**
- Egumbini l**ikaNomkhosi**
- Ixhokovane **likaMazucula**
- Isemgwaqweni lapho kuhamba khona **uZethu**
- Phakathi emotweni **kaZethu ehamba noZibonele**
- Ekhemisi kugezwa izithombe

Umdlalo uqala wenzeke ejalidini lomlungu ebumnyameni la uMazucula ezobulala khona umlungu. Uyamdubula umlungu emuva kokuba emcuphe ngokuvula umpompi oseduze kwesivande sezimbali.

Kubuye kuvezwe uNomkhosi esegumbini lakhe ebumnyameni ethwebula okwenzekayo. Kukhona okusolisayo yingakho ecishe ugesi ukuze abone kahle konke okwenzekayo.

Kuvezwa ishantshi lamaphoyisa, umseshi ekhuluma nocingo oluvela kuNomkhosi. Lokhu kuvela ngokushintshana uNomkhosi eshintshana nephoyisa. UNomkhosi ubika isigameko sokufa komlungu ocingweni.

Kubuye kushintshaniswe ukuvela kukaNomkhosi kushintshaniswe nokuvezwa kukaZethu ehlezi noMazucula exhokovaneni bexoxa ngokufanele kwenziwe nguZethu ngesidumbu asesiqobe wasifaka esakeni. Kuzomele uZethu ahambise isidumbu kuMadunusela Nyawo kwaMhlabuyalingana.

Kuvezwa nangemuva kwemoto lapho kupakwe khona imoto. Imoto ishintshwe umbala nezinombolo.

Ngokushesha kubuye kuvezwe uNomkhosi namaphoyisa ejalidini lomlungu.

Kubuye kuvezwe ngokushintshana, imoto ehamba amaphoyisa nemoto ehamba uZethu kubuye kuvele futhi ixhokovana okuhleli kulo uMazucula.

Umdlalo wenzeka emotweni emuva kokuba uZethu egibelise uZibonele babuye bathathe nezithombe.

UMazucula uyavela naye esemotweni edlula uZethu namaphoyisa.

Kubuye kuvele ikhemisi la kugezwa khona izithombe.

Isikhathi

Umdlalo wenzeka **esikhathini samanje** okwenza kube lula ukuthi bagcogcome baveze izimo ezahlukene ezenzeka manje:

- kugqame uhlobo lobugebengu olwenzeka kuwona njengokubulawa komlungu, ukushintshwa kombala nezinombolo zemoto.
- UNomkhosi usebenzisa umshini wokuthwebula izithombe esebumnyameni egumbini lakhe.
- UZethu noZibonele bathwebula izithombe endleleni.
- Umaqumbana yena uhlezi kosofa futhi ubuka umabonakude.
- UMazucula uhamba ngesithuthuthu.
- Ukusebenza kwamaphoyisa ukuxazulula ubugebengu

IEB Copyright © 2021

Isimo senhlalo

UZethu benoMazucula bayezwana kodwa uZethu usefuna ukubuyeka ubugebengu kodwa akakwazi ngoba uMazucula ungumphathi wakhe onobudlova futhi uzichaza njengendlovukayiphendulwa lokhu kwenza ukuthi amthume bese eyamlandela ngesithuthuthu, okwenzeka kalula ngoba umdlalo uyagcogcoma.

UZethu uyashesha ukwenza ubuhlobo futhi umdlalo uyabalandela emotweni behamba ibanga bexoxa baze bathwebule izithombe.

Inhloso yalokhu kugcogcoma

Lo mdlalo ungumdlalo wethelevishini kumele ugqamise ukunyakaza ngaphezu kwenkulumo.

Lokhu kugcogcoma kuveza izindawo ezihlukene ngesikhathi esincane. Kuvele ijalidi lomlungu, kubuye kuvele indlu kaNomkhosi ngokushintshana. Kuvela isiteshi samaphoyisa. Ngokushesha kuvezwe ixhiba likaMazucula nangaphandle lapho kupakwe khona imoto. Umdlalo ubuye ulandele imoto ehamba uZethu.

Kuba lula ukuveza izikhathi ezihlukene zosuku zihambisane nezindawo okwenzeka kuzo umdlalo. Umdlalo uqala ebusuku kubulawa umlungu uqhubeke njalo ebusuku kuze kube yizintathakusa lapho uZethu esehamba nemoto enesidumbu somlungu aze agibelise uZibonele khona ekuseni.

[30]

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 3

Ubaba – Inhloko Yekhaya!

Qaphela: Impendulo mayihlaziye amazwi angenhla ibuye ikhombise ukuthi uMusa Khumalo **unesihluku, uyacwasana** futhi **ubukela phansi** abantu abangamaNdiya nabesifazane.

Embhalweni wokuqala uMusa ugqamisa ukwenyanya amaNdiya aze akhombise nokuthi angaba nesihluku sokubulala umuntu oyiNdiya ngokumthungela ngomlilo uma nje uThobile engaliletha emzini wakhe.

Kuyamdida naye ukuthi ngabe yikuphi okumcasula kakhulu ngokukhulelwa komntanakhe angazi noma kungaba ukuthu ukhuleliswe yiNdiya yini. Loku kumgqamisa ukubandlulula aze naye angakwazi ukubona ukuthi yikona kuphi okuyiphutha. Kuphela nje umcabango weNdiya nomntanakhe kumdida ingqondo.

Abantu besifazane ubathatha kalula nje, njengento okuwumsebenzi wayo ukukhulisa abantwana. Yena uzibona eyindoda engahlangene nalo msebenzi. Kuyiphutha nakho ukuthi abone umntwana omncane kangaka esengakhulelwa ngenxa nje yokuthi yena ubalekela umsebenzi wakhe wokukhulisa abantwana kanye nonkosikazi wakhe.

Iyini inkinga kaMusa

- UMusa uchithe isikhathi esiningi engawunakekeli umndeni wakhe ethanda utshwala.
- Abantwana bakhe abamjwayele ngoba akasichithi isikhathi nabo wazi ukuthi kumele bakhuliswe yinkosikazi yingakho umntwana wakhe omncane uZiningi emsaba uyise.
- Uphuza kakhulu utshwala engekho ekhaya futhi ubengakaze aphathele abantwana bakhe ngisho umngenandlini.
- Akasichithi isikhathi sesidlo, nesokuthandaza futhi akayi esontweni nomndeni wakhe futhi uThandiwe ukhononda njalo ngalokhu okwenza ukuba uMusa abone sengathi wehlulwa umsebenzi wakhe wokuthi akhulise abantwana njengomuntu wesifazane aze asabise ngokumxosha ngoba nje ekhononda ngokungabanjiswa.
- Lokhu kwenza kumholela ephusheni elibi lapho ephupha indodakazi yakhe ikhulelwe futhi ikhuleliswe yiNdiya. Khona lapho ephusheni uyahluleka ukukhulumisana noThandiwe azithole sekuthi makamthulise ngempama evuthayo okubonisa ukuba nesihluku.
- Uma ebona umNdiya kubuya iphupho lakhe kumenze awanyanye ngempela amaNdiya ngakho kuyacaca ukuthi hhayi ukuthi uwenyanya ephusheni nje kuphela amaNdiya.
- Utshela uThandiwe ukuthi umsebenzi wakhe awuzela emzini wakhe ukukhulisa abantwana uma kumehlula lokho uzomxosha emzini wakhe.
- Ubona sengathi uThandiwe uhlale emshwabulela uma embonisa ngamaphutha akhe okwehluleka ukuba ngubaba.

Umphumela wephupho lakhe

- Uyalibona iphutha lakhe lokwehluleka ukudlala indima yakhe njengenhloko yekhaya kodwa akakhombisi ukubona iphutha lakhe lokucwasa amaNdiya ngoba kunepaki adlula kulona alenyanyayo ngoba uyaye abone amaNdiya ethandana nezingane zabantu abamnyama.
- Kumenze akhumbule amazwi ayeyalwa ngawo uyise nangendlela ayeyisibonelo esihle ngakhona emphakathini.
- Uyehlululeka ngisho ukuhlala emsebenzini abike ukugula ahambe.
- Usezinikele ekuyekeni utshwala uma kungavumi uzobuphuzela ekhaya ukuze abone umndeni wakhe.

Indlela azizwa ngayo ngamaNdiya

- Uyawenyanya uze aphuphe ukuthi umntwana wakhe ukhuleliswe yiNdiya.
- Ephusheni lakhe okumcasula kakhulu ukuthi uThobile ukhuleliswe yiNdiya naye akazi noma bekungaba ngcono yini ukukhuleliswa uMzulu. Ukucwasa amaNdiya kukaMusa kumvala ingqondo angaboni ukuthi iphutha elikhulu lapha kungaba ukukhulelwa komntwana esemncane.
- Uzithola esetshela uThandiwe ukuthi uThobile akayishiye esibhedlela leyo ngane ngoba yena uzoyishisa nokuyishisa. Yize ephupha kodwa nje le nkulumo ibonisa isihluku esiyisimangaliso sokuthi kungashiswa umntwana ozelwe ngenxa yobuzwe bakhe.
- Ubona sengathi amaNdiya ayasizakala ngabantwana babantu abamnyama ngoba ebadoba ngemali. Ingane ayibone epaki ihleli emotweni yeNdiya usevele wayibona iwuThobile.
- Ubona sengathi angamane afe uma kuwuThobile lo oqome iNdiya lokhu uyakuguqula uma esenaka umndeni wakhe futhi usekwazi ukubona uThobile ngeso elimsulwa ambone ukuthi useyingane.
- Unesiqiniseko sokuthi iphupho belimxwayisa ngengozi elengela umndeni wakhe yingakho esezama ukulungisa amaphutha akhe ngokuphuthuma ekhaya uma ebuya emsebenzini athenga nezithelo njengomngenandlini. Usechitha isikhathi sokuphumula nomndeni wakhe adlale imidlalo.

[30]

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 4

Ukunqamuka Konyaka

Umfundi makasho ngamafuphi ukuthi uchazani umyalezo oqukethwe yile ndaba.

"Akukho qili lazikhoth' emhlane"

Lawa mazwi asho ukuthi ngeke wenze ukukhohlakala njalo ugcine ungabanjwanga, ngelinye ilanga uyovela obala:

Umlingiswa oqavile nezenzo ezisekela umyalezo

- UMfekayi ungumlingiswa oqavile ongusomabhizinisi wendawo othandwayo futhi othenjiwe.
- Uboleka imali yabantu bese ebathembisa ukuthi bazoyithola ngoNcibijane bese uyababulala njengoMdumiseni Nhlapho, udokotela wendawo.
- Uzenza isihlakaniphi ubulala udokotela bese enza sengathi akazi, ashayele ucingo emzini wakhe acele ukukhuluma naye ukuze adukise umkhondo.
- Kuvela ukuthi wathwala yingakho kufanele abulale njalo ngoNcibijane uma engabulalanga liyabheda ibhizinisi lakhe.
- Ubulale uMcuphi Dludla ukuze angavezi lapho kugqitshwe khona isidumbu sika dokotela.
- Lokhu kumdonsele amanzi ngomsele ngoba kube sekugunjwa lapho kade emba khona kwatholakala isidumbu sikadokotela.
- Ekuboshweni kwakhe kuphume amakhanda abantu ababulawa nguyena esiqandisini sakhe.

Namanye amaphuzu abalulekile azoklonyeliswa.

Indlela aziphethe ngayo naziwa ngayo endaweni

- Uwusizo kubantu abaningi futhi uyathenjwa.
- Uyanikela kakhulu useze wabizwa ngothandabantu.
- Wanikela wavuselela ithiyetha eyase ipatalala.
- Wayebuye aziwe ngokusaphaza imali eyidla nezingane ezincane zamantombazane ebizwa ngo*Sugar Daddy*.
- Wayelala emahhotela nazo izingane lezo emuva kokutetemuka nazo ngemoto.

Ukubanjwa kwakhe

- Ubonwa yisinaphungana sendawo esaziwa ngokungaphili ekhanda uMcuphi Dludla.
- Wayibona nemoto kadokotela lapho yashiywa khona nguMfekayi.
- Kwammangaza ukuthi uMfekayi uwuthathephi uR15 000 ebe ehlulwe ukuholela abasebenzi esitolo.
- UMfekayi wabanjwa ngokuthi adubule uMcuphi Dludla owayegumba lapho kugqitshwe khona udokotela.

Isiphetho nesifundo

Ungakwazi ukuba wusizo emphakathini ngaphandle kokuba uwuqole. UMfekayi ubese ezakhele udumo kubantu useze ubizwa ngoThandabantu njengoba aze anikela ngokuvuselela ithiyetha esibhedlela.

Kuhle ukwethembeka njalo kubantu abakwethembayo ungabajikeli esiswini njengotshwala ngoba uMfekayi wayengaconsi phansi kubo bonke odokotela yingakho kwaba lula nakuMdu

IEB Copyright © 2021

ukumethemba. Ukuziphatha kabi kungakufaka enkingeni ngoba loku kusaphaza imali kungaMfekayi abe ngu*Sugar Daddy* olala nezingane emahhotela kwakumqedela imali sigcine singesihle isimo sakhe sezezimali.

Ungambukeli phansi umuntu ucabange ukuthi uyisinothongwana ngoba angakuveza ubunjalo bakho. Lokhu ukwenze ngoba ezama ukugqiba ubufakazi ngokuthi abulale uMcuphi Dludla osefuna ukona izinhlelo zakhe.

[30]

Amamaki angama-60

IEB Copyright © 2021

ISIQEPHU B UKUBHALELA IZIMO EZITHILE

UMBUZO 5

Umfundi uzobhala **INKULUMO** azoyethula kubafundi beBanga le-8.

Okubalulekile

- Makube umbhalo odlulisa umyalezo kepha umbhali azi ukuthi izethameli zakhe ngabantu abasebancane.
- Makazethule, abhale usuku nenhloso yokwethula inkulumo.
- Kubalulekile ukuthi abingelele abantu abathamele le nkulumo ngokwezigaba zabo.
- Kubalulekile ukuthi aqaphele inani lamagama okumele alibhale.
- Makachazele abafundi abasha ukuthi lolu khuvethe luziphazamise kanjani izinhlelo zezemidlalo nezobuciko ukuze abafundi bangathelelani ngokugula.
- Izinhlelo zokuhlukaniswa kwabafundi emaklasini ukuze kuncishiswe inani labafundi emaklasini.
- Ukunyuka kwezinga lokusetshenziswa kwezobuchwepheshe ukuze kuqhubeke kahle ukufunda nokufundisa. Nokubaluleka kokuthi abafundi bazijwayeze ukusebenzisa ezobuchwepheshe ngenxa yalokhu.
- Ukugqokwa kwezifonyo ngaso sonke isikhathi.
- Ukugeza izandla njalo.
- Ukuhlala usebenzisa i-*sanitizer.*
- Ukuhlala ngokuqhelelana ngezikhathi zamakhefu.
- Ukwazi nokubona izimpawu zokhuvethe.
- Makaphawule ngokuvalwa kwezwe thanqa.
- Ukusetshenziwa kotshwala nokunye.

Okuhle okuvele nokhuvethe

- Ukusondeza imindeni ndawonye.
- Ukusebenzisana kweNingizimu Afrika phakathi kwabamnyama nabamhlophe.
- Ukunyuka kwezinga lokusetshenziswa kwezobuchwepheshe.

Ulimi, izimpawu zokuloba

- Ulimi olunothile nolunembayo.
- Isipelingi nobhalomagama.
- Izakhi ziyanemba.
- Izimpawu zokuloba ziyancomeka.

Isakhiwo

- Asikho isingeniso nesiphetho ngokwesakhiwo kepha inkulumo mayingeniswe ngokuthi azethule ethule nesihloko sakhe futhi azwakale ukuthi useyaphetha.
- Mayibhalwe ibe ngamaphuzu ahleleke kahle.

[20]

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 6

Umfundi uzobhala **IDAYARI** yakhe yezinsuku ezinhlanu:

- Makuvele ukuthi idayari ingekabani.
- Umfundi akabhale inyanga nezinsuku ngesiZulu sangempela.
- Makaqinisekise ukuthi uqale ngezinsuku ezimbili zokugcina kokuhlolwa kwakhe.
- Umfundi makasebenzise ulimi oluqondile.
- Makasebenzise inkathi esanda kudlula, yamanje, nezayo.

Kuzosetshenziswa amarubhrikhi okumaka.

[20]

Amamaki angama-40

Amamaki esewonke ayi-100

UMBUZO 1–4 IRUBHRIKHI YE-ESEYI

AMAMAKI – 30	Izinga eliphezulu kakhulu	Izinga eliphakeme	Izinga elizwakalayo	Izinga elenelisayo	Izinga elisendimeni	Izinga eliphansi	Izinga eliphansi ngokweqile
	5	4	3½	3	2	1	½
ISAKHIWO (5)	Sibhaleke kahle kakhulu. Isingeniso, izigatshana ezakha umzimba, isiphetho kubhalwe kwacaca kahle kakhulu. Ubude busezingeni eligculisayo kakhulu. Imisho nezigaba kuhlanganiswe ngendlela enobuhlakani.	Isakhiwo sihle, kukhona konke okulindelekile. Isingeniso, izigatshana ezakha umzimba, isiphetho kubhalwe kwacaca kahle. Ubude busezingeni eligculisayo.	Isakhiwo sihle, kuncane okungekho. Isingeniso, izigatshana ezakha umzimba, isiphetho kubhalwe kwacaca. Ubude busezingeni elifanele.	Isakhiwo sihle, nokho kuningana okungabhalekile kahle nokungekho. Kuyagculisa nokho. Ubude busezingeni elamukelekile.	Maningi amaphutha esakhiwo sendaba. Inokungahleleki okuthile. Ubude abukho sezingeni.	Ayihlelekile nje kwaphela, akubonakali ukuthi uyakuqonda akubhalayo. Ubude buncane.	Impela kubi kakhulu uyazinhlanhlathela nje esakhiweni sakhe futhi asihlelekile. Ubude buncane kakhulu.
	8	7	6	5	4	3	2–1
ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (8)	Ulimi, isitayela nohlelo lolimi kusezingeni eliphezulu kakhulu. Amaphutha awekho.	Ulimi, isitayela, uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusetshenziswe kahle kakhulu. Imisho nezigaba kuhlanganiswe kahle. Amaphutha mancane kakhulu.	Ulimi, isitayela, uhlelo nokusetshenziswa kolimi kuhle. Imisho nezigaba kuhlanganiswe ngendlela efanelekile. Amaphutha mancane.	Ulimi nesitayela esejwayelekile nezimpawu zokubhala ezamukelekile. Amaphutha maningi.	Ulimi olwamukelekile, uhlelo lunamaphutha ngendlela olusetshenziswe ngayo. Amaphutha maningi kakhulu.	Ulimi nohlelo kunamaphutha amaningi. Asikho isitayela. Indaba inamaphutha amaningi ayilandeleki.	Ulimi nohlelo akwamukelekile. Asikho nhlobo isitayela. Imisho nezigaba akuhlangene futhi akuhambisani. Indaba inamaphutha amaningi ayilandeleki nhlobo.

IEB Copyright © 2021

	Izinga eliphezulu kakhulu	**Izinga eliphakeme**	**Izinga elizwakalayo**	**Izinga elenelisayo**	**Izinga elisendimeni**	**Izinga eliphansi**	**Izinga eliphansi ngokweqile**
	17–16	**15–13**	**12–11**	**10–7**	**6–5**	**4–3**	**2–1**
INGQIKITHI (17)	Ingqikithi iseqophelweni eliphezulu, kunobufakazi bokuthi indaba ifundiwe. Imibono yakhe iyageleza ihambisana kahle futhi ibonisa ukucabanga kwakhe kuhlanganiswe nolwazi lwendaba. Ubufakazi bokuthi unolwazi lwendaba.	Ingqikithi encomekayo. Imibono iveza isithombe esicacile nesihehayo ngolwazi lwendaba. Ubufakazi bokuhlela indaba buyabonakala. I-eseyi isezingeni eliphakeme. Ubufakazi bokuthi unolwazi lwendaba. Uyithintile imikhakha efanele ekuhluzeni.	Ingqikithi iyezwakala futhi ihlangene. Imibono iyezwakala isekeliwe. Ubufakazi bokuhlela indaba buyabonakala futhi busezingeni elizwakalayo.	Ingqikithi yamukelekile, izwakala ngokusendimeni. Imibono isekelwe kahle ngendaba. Ubufakazi bokuhlela indaba buyabonakala futhi busezingeni elenelisayo.	Ingqikithi isezingeni eliphansi nengahlangene kahle. Imibono eminingi iyahambisana nendaba. Ubufakazi bolwazi lwendaba buyabonakala, busezingeni elenelisayo.	Ingqikithi ayicacile, ayihlangene kahle. Imibono imbalwa, okuphindiwe kuningi. Ukuhlelwa komsebenzi akuhlelekile, indaba ayikho ezingeni elifanele.	Okubhaliwe akuhambisani nesihloko sendaba. Imibono ayijabulisi, kuphindaphindwa into eyodwa. Okubhaliwe akwakhi mqondo futhi akuhambisani nendaba nemibono kahle-hle. Abukho ubufakazi bolwazi lwendaba. Ayemukelekile nakancane.

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 5 IRUBHRIKHI YENKULUMO

Imiklomelo: 20

	Izinga eliphezulu kakhulu	Izinga eliphezulu	Izinga elizwakalayo	Izinga elenelisayo	Izinga elisendimeni	Izinga eliphansi	Izinga eliphansi ngokweqile
INGQIKITHI (10)	**8–10**	**7**	**6**	**5**	**4**	**3**	**1–2**
	Indikimba iyahambisana. Amaphuzu alandelana kahle. Uzethulile kahle. Ubingelele ngendlela efanele. Unamathele esihlokweni asinikiwe. Awekho amaphutha noma ambalwa kakhulu.	Ingqikithi yakhe iyalandeleka.	Uwalandelile amaphuzu abalulekile kodwa uhamba eweqa amanye.	Uyakwazi okufanele akubhale kodwa akagxili kukho.	Amaphuzu akhe awakhi umqondo ophelele, uhamba enqamuka.	Uyabalekelana nengqikithi, kuvele kancane umqondo.	Uyaphuma aphele engqikithini.
ISAKHIWO (5)	**5**	**4**	**3–4**	**2–3**	**2**	**1**	**0–½**
	Isihloko sikhona futhi sibhaliwe. Usuku lwenkulumo kubhalwe ngesiZulu. Isikhundla sakhe empilweni (ungumfundi). Ukuhleleka kwamaphuzu.	Uyayazi imigomo futhi uyilandelile.	Uyayazi imigomo futhi uyilandelile kepha kukhona amaphutha.	Uyayazi imigomo futhi uyilandelile, amaphutha maningi.	Zikhona izinto azishiyile angazifakanga. Maningi kakhulu amaphutha.	Akayilandelile kahle yonke imigomo njengoba enikiwe.	Uhlulekile ukulandela uhlaka njengoba lunjalo.
IZIMPAWU ZOKULOBA NOLIMI (5)	**5**	**4**	**3–4**	**2–3**	**2**	**1**	**0–½**
	Izimpawu zokuloba. Izivumelwano, isipelingi, ulimi olunothile, inani lamagama elifanele futhi libhaliwe.	Izimpawu uzisebenzisile kahle.	Izimpawu uzisebenzisile kodwa ubuye azikhohlwe ezinye endleleni.	Uhlulekile ukuzisebenzisa endaweni efanele, uyazixuba.	Azibonakali ezinye izimpawu nhlobo.	Ubhale into ewundende enganazigaba nezimpawu.	Azikho nhlobo izimpawu, into ende ewutiti nje.

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 6 IRUBHRIKI – IDAYARI

Imiklomelo: 20

INGQIKITHI (10)	10–9	8–7	6–4	3–1
	• Ingqikithi mayihambisane nombuzo. • Umyalelo/ukukhomba indlela okucacile. • Indikimba iyahambisana. • Amaphuzu alandelana kahle.	• Imininingwane eminingi ikhona futhi izwakala kahle. Ilandelana kahle.	• Imininingwane ayiphelele futhi akulandelani kahle.	• Imininingwane ekhona ixovekile futhi ayiphelele. Kuyanhlanhlatha akuzwakali kahle akushoyo.
ULIMI NOKUBHALA (6)	**6–5**	**4–3**	**2**	**1**
	• Izivumelwano. • Isipelingi. • Ukusetshenziswa kweziphumuzi ngendlela. • Ithoni nerejista. • Ukuhleleka, ukubhaleka kwamaphuzu. • Izimpawu zokuloba, izivumelwano. • Ulimi olunothile.	• Ulimi olusetshenzisiwe luhle.	• Ulimi lusendimeni nje, amaphutha awamaningi.	• Ulimi alunambitheki, amaphutha maningi.
ISAKHIWO (4)	**4–3**	**2–1½**	**1**	½
	• Isihloko. • Ukubhala ngamaphuzu. • Inani lamagama nokulibhala. • Ngekabani idayari. • Isikhundla sakhe empilweni (ungumfundi). • Inyanga nezinsuku kubhalwe ngesiZulu. • Inani lamagama elifanele futhi libhaliwe.	• Iningi lemininingwane likhona.	• Miningi engekho kodwa kusezwakala.	• Isakhiwo asimukelekile.

IEB Copyright © 2021